Isifundo 7

*November 11–17

Ukunqoba Isono

ISABATHA EMINI

Funda Kuleliviki:

Romans 6; 1 Johane 1:8–2:1.

Indimana Yekhanda:

"Isono asisayikuba namandla phezu kwenu: ngokuba anikho ngaphansi komthetho, kepha ngaphansi komusa" (Roma 6:14).

Uma imisebenzi ingakwazi ukusisindisa, pho sinandabani nawo na? Kungani singaqhubeki nokona na? Isahluko sesithupha siyimpendulo kaPawule kulombuzo osemqoka. UPawule lapha ubhekana nalokho okwaziwa "ngokungcwaliswa," indlela esinqoba ngayo isono futhi siye ngokuya sibonisa isimilo sikaKristu. Igama ukungcwaliswa liqhamuka kabili KwabaseRoma. Liqhamuka KwabaseRoma 6:19, 22 njengegama lesiGriki u-hagiasmos, elichaza ukungcwalisa. EsiNgisini, liqhamuka kulezizindimana ezimbili njengegama "ubungcwele." Ngabe lokhu kuchaza ukuthi uPawule akasho lutho ngalokho okuqondwa ngokungcwaliswa na? Qha bo akunjalo. EBhayibhelini "ukungcwalisa" kuchaza "ukunikela," imvamisa kuNkulunkulu. Ngalokho-ke, ukungcwaliswa kuvama ukwethulwa njengesenzo esidlulileyo esiphelele. Ngokwesibonelo, "bonke abangcwalisiwe" (Zenzo 20:32). Labo abangcwalisiwe kulencazelo yilabo abanikelwe kuNkulunkulu. Kodwa ukusetshenziswa koku "ngcwalisa" eBhayibhelini akuphikisani nemfundiso yokungcwaliswa noma iqiniso lokuthi ukungcwaliswa ngumsebenzi wempilo yonke. IBhayibheli liyayiqinisa lemfundiso kakhulu, kodwa livame ukusebenzisa amanye amagama ukuchaza lokho. Kuleliviki sizobuka olunye uhlangothi lokusindiswa ngokukholwa, lolo okulula ukuba lungaqondwa kahle: izithembiso zokunqoba isono empilweni yalabo abasindisiweyo nguJesu.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-November 18.*

Lapho Kuvame Isono

KwabaseRoma 5:20, uPawule wenza inkulumo enamandla: “Kepha lapho kwavama khona isono, umusa wavama kakhulukazi.” Iphuzu lakhe lithi nakuba isono Sivame kangakanani noma imiphumela yaso imibi kangakanani, umusa kaNkulunkulu wanele ukubhekana naso. Likhulu ithemba lokhu okumele kulilethe kithina, ikakhulu lapho silingeka ukuba sibe nomuzwa wokuthi izono zethu zinkulu kakhulu ukuba zingathethelekwa! KwabaseRoma 5:21, uPawule uveza ukuthi nakuba isono siholela ekufeni, umusa kaNkulunkulu ngoJesu ukunqobile ukufa futhi wasinikeza ukuphila okungunaphakade.

Funda abaseRoma 6:1. Yimuphi umqondo uPawule abhekana nawo lapha, futhi kwabaseRoma 6:21, uwuphendula kanjani lomqondo na?

UPawule ulandela umkhondo othathekisayo wenkulumo kwabaseRoam 6 mayelana nesizathu sokuthi kungani umuntu olungisisiweyo kungamele one. Okokuqala, uthi akumele sone ngoba sifile esonweni. Abe esechaza ukuthi usho ukuthini. Ukucwiliswa emenzini ombhabhathizo kumele ukungcwatshwa. Yini engcwatshwayo na? “Ngumuntu omdala” wesono—okungukuthi, umzomba owonayo, umzimba obuswa noma olawulwa yisono. Njengomphumela, “lomzimba wesono” ubhujisiwe, ukuze singaba sisakhonza izono. KwabaseRoma 6 isono senziwe sabantu ngumuntu obusa pheze kwezinceku zakhe. Ngesikhathi “lomzimba wesono” owawusebenzela isono ubhubjiswa, ubukhosi besono phezu kwawo buyaphela. Lowo ovuka ethuneni lamanzi uvuka engumunu omusha ongasakhonzi isono. Yena manje uhamba ebushe bokuphila. UKristu, esefile, wafa kwaba kanye futhi efela bonke, kodwa manje uphila ingunaphakade. Ngakho-ke, umKristu obhabhathiziwe ufile esonweni unomphelo futhi akumele aphinde abuswe yisona. Nembala, njengoba noma yimuphi umKristu obhabhathisiwe azi, isono asimane sizinyamalalele ezimpilweni zethu lapho savuka emanzini. Ukungabuswa yisono akufani nokungaliswani naso. “Kulokho sibona ngokusobala lokho okuchazwa ngamzwi omPostoli. Zonke lezizisho esithi: 1. ‘Sifile esonweni,’ 2. ‘Siphila kuNkulunkulu,’ njalo, njalo, zikhomba ukuthi asivumeli izinkanu zethu zesono, nakuba isono siqhubeka kithina. Nakuba kunjalo, isono sihlala kithi size siyofa, njengoba sifundile kwabaseGalathiya 5:17: ‘Inyama ikhanuka okuphambene noMoya, futhi noMoya okuphambene nenyama: ngokuba lezizinto ziyamelana.’ Ngakho-ke bonke abapostoli kanye nabangcwele bayavuma ukuthi isono kanye nezinkanuko zesono ziba kithina uze lomzimba uphenduke umlotha, futhi umzimba omusha (okhazimulisiwe) uvuswe ukhululiwe esinkanukweni nesono.”—Martin Luther, *Commentary on Romans*, p. 100.

Lapho Kubusa Isono

Yisiphi iseluleko esisinikezwa kwabaseRoma 6:12 na?

Igama elithi ukubusa likhombisa ukuthi "isono" lapho sivezwa njengenkosi. Igama lesiGriki lapha elihumushwe "ukubusa" lichaza "ukuba yinkosi" noma "ukusebenza njengenkosi." Isono sizimisele njalo ukuthatha ubukhosi bubuse imizimba yethu futhi silawule ukuziphatha kwethu. Uma uPawule ethi "makungabusi isono," ugudlisa ukuthi umuntu olungisisiweyo angakhetha ukuvimbela ukuba isono sizibeke njengenkosi empilweni yakhe. Yilapho Ukwenza kwentando kungena khona. Okudingeka ukuba ukuqonda ngamandla eqiniso entando. Lokhu ngamandla abusayo emvelweni yomuntu, amandla okunquma, noma okukhetha. Yonke into incike esenzweni esilungileyo sentando. Amandla okukhetha uNkulunkulu uwanikeze umuntu; kungokwaba ukuba bawasebenzise. Awukwazi ukuguqula inhliziyo yakho, awukwazi ngokwazi ukuyinikela kuNkulunkulu; kodwa ungakhetha ukumkhonza Yena. Ungamnikeza Yena intando yakho; nguYena oyobe esebenza kuwe ukuba ufuna futhi wenzengokuthanda Kwakhe. Ngalokho yonke imvelo yakho izoba ngaphansi kokulawulwa nguMoya kaKristu; intando yakho izogxila Kuye, imicabango yakho izohambisana neYakhe."—Ellen G. White, *Steps to Christ,* p. 47. Igama lesiGriki KwabaseRoma 6:12 elihumushwe "izinkanuko" lichaza "izifiso." Lezizifiso zingaba ngezokuhle noma okubi; lapho kubusa khona isono, sizosenza sifise okubi. Izifiso zizoba namandla, futhi singakwazi ukumelana nazo uma silwa nazo ngokwethu. Isono siyakwazi ukuba ngimbuso onesihluku, yena ongakeneliseki kepha ofuna okuningi. Kuphela ngokukholwa, ngokubanga izithembiso zokunqoba kuphela, singakwazi ukuwisa lombuso ongadikibali. Igama ngalokho KwabaseRoma 6:12 lisemqoka. Libuyela emuva kulokho osekushiwo nga[hambili, ngokuqondile kulokho okushiwo KwabaseRoma 6:10, 11. Umuntu obhabhathiziwe manje uphilela "kuNkulunkulu." Okungukuthi, uNkulunkulu ungumongo wempilo yakhe entsha. Lowo muntu ukhonza uNkulunkulu, enza lokho ukuthokozisa uNkulunkulu futhi, ngalokho, akakwazi ukukhonza isono ngesikhathi sinye. Yena "uphila kuNkulunkulu ngoJesu Kristu."

Buyela esicaphunweni sika-Ellen G. White esifundweni sanamuhla. Qaphela indlela obucayi ngayo umqondo wentando yokuzikhathela. Njengezidalwa ezicabangayo kumele sibenayo intando ekhululekile—amandla okukhetha okulungileyo futhi nokungalungile, okuhle nokubi, uKristu noma izwe. Kumahora angu-24 alandelayo, zama ukugcina uhla lwendlela osebenzisa ngayo lentando yokuzikhethela. Yini ongayifunda ngokusebenzisa, noma ukungasebenzisi ngendlela kwakho, lesisipho esingcwele na?

Hhayi Ngaphansi KoMthethi kodwa Ngaphansi KoMusa

Funda abaseRoma 6:14. Kumele siyiqonde kanjani lendimana na? Ngabe ichaza ukuthi Imithetho Elishumi ayisenasibopho kithi na? Uma kungenjalo, kungani na?

AbaseRoma 6:14 ngesinye semisho engukhiye encwadini yabaseRoma. Futhi ngesinye esivame ukucashunywa Ngokwengqikithi yothile etshela thina ma-Adventist ukuthi iSabatha losuke lweSikhombisa selasuswa. Kepha, ngokusobala akukona okuchazwa yilendimana. Njengoba sibuzile ngaphambili. Umthetho wokulunga wawungachithwa kanjani kodwa isono sibe siskhona na? Ngoba umthetho wokulunga yiwona ochaza isono! Uma ubungafunda konke okungaphambili kwabeseRoma, nakuso isahluko 6, bekuyobalukhuni ukubona ukuthi phakathi kwalengxoxo yobukhona besono, uPawule abe esethi "umthetho wokulunga-Imithetho Elishumi, echaza isono—isichithiwe." Lokho akwenzi mqondo. UPawule uthi kwabeseRoma umuntu ophila "ngaphansi komthetho"—okungukuthi, ngaphansi komnotho wamaJuda njengoba kwakwenzeka ngezinsuku zakhe nayo yonke imithetho eyakhiwe ngabantu—uyakubuswa yisono. Ngokumelene, umuntu ophila ngaphansi komusa uyoba nokunqoba phezu kwesono, ngoba umthetho ulotshwe enhliziyweni yakhe futhi nomoya kaNkulunkulu uvunyelwe ukuba ulawule izinyathelo zakhe. Ngokwamukela uJesu Kristu njengoMesiya, ngokulungisiswa nguYena, ngokubhabhathizelwa ekufeni Kwakhe, ukuba "umuntu omdala" abhujiswe, ngovukela empilweni entsha—lezi yizinto ezizochitha isono ezimpweni zethu. Khumbula, ukuthi iyono yonke ingqikithi abaseRoma 6:14 abaqhamuka kuyo—ingqikithi yokunqoba isono. Akumele sichaze "ukuba ngaphansi komthetho" ngendlela enengcindezi. Umuntu okuthiwa uphila "ngaphansi komusa" kodwa engayilaleli imithetho kaNkulunkulu akayikuthola umusa kodwa ukulahlwa. "Ngaphansi komusa" kuchaza ukuthi ngomusa kaNkulunkulu njengoba wembuliwe kuJesu, ukulahlwa okulethwa ngomthetho kwezoni kususiwe. Ngalokho, manje sikhululiwe ekulahlweni kokufa okulethwa ngumthetho, siphila "empilweni entsha," impilo ebonakala futhi yalethwa ngukuthi, sesifile kumina, asisezona izigqila zesono.

Sewube namava anjani eqinisweni lempilo entsha kuKristu na? Yibuphi ubufakazi obuphathekayo ongabukhomba obuveza lokho uKristu akwenzile kuwena na? Yiziphi izigaba ongafuni ukwehlukana nazo, futhi kungani kumele wehlukane nazo na?

Isono noma Ukulalela na?

Funda abaseRoma 6:16. Yiliphi iphuze alenzayo uPawule na? Kungani inkulumo yakhe iqhathanisa ngokusobala lapha na? Kuyilokhu noma okunye, akukho ukuba phakathi Nendawo. Yisiphi isifundo okumele sisitomule kulokhu kuqhathanisa okusobala na?

UPawule ubuyela kuleliphuzu futhi lokuthi impilo entsha yokukholwa ayinikezi imvume yokona. Impilo yokukholwa yanza ukunqoba isono kwenzeka; empeleni, kungokukholwa kuphela lapho sinokunqoba esikthenjisiwe. Esesenze isono sangumbusi obusa abaphansi kwaso, uPawule manje ubuyela emfanekisweni wesono siyinkosi efuna ngenkani ukulalelwa yizinceku zayo. UPawule uphawula ukuthi umuntu uyazikhethela Umbusi. Angakhonza isono, okuholela ekufeni, noma akhonze ukulunga, okuholela ekuphileni okungunaphakade. UPawule akasishiyi phakathi Nendawo noma indawo yokuvumela isimo. Kuyilokho noma okunye ngoba ekugcineni sibhekana Nokuphila okuphakade noma okufa okuphakade.

Funda abaseRoma 6:17. UPawule welula kanjani lapha kulokho akushilo KwabaseRoma 6:16 na?

Qaphela indlela, ngokuthathekisayo, ukulalela okuxhumana ngayo nemfundiso elungile. Igama lesiGriki le “mfundiso” lapha lichaza “lokho okufundiswayo.” AmaKrisu aseRoma ayefundiswe izimiso zenkolo yobuKristu, lena abasebeyilalela. Ngalokho, kuPawule, imfundiso elungileyo, ukufundiswa okulungileyo, lapho kulalelwa “ngokusuka enhliziyweni,” kwakulekelela abaseRoma ukuba babe “yizinceku zokulunga” (Rom. 6”18). Ngezinye izikhathi siye sizwe ngokuthi imfundiso ayinamsebenzi, uma nje kuphela sikhombisa uthando. Lokhu kuyindlela elula kakhulu yokubeka ngalokho okungelula. Njengoba kushiwo ezifundweni ezedlule, uPawule wayekhathazeke kakhulu ngezimfundiso zamanga ibandla laseGalathiya elaliwele kuzo. Ngalokho, kumele siqaphele izinto esizishoyo esithi ngandlela thile zinciphise ukubaluleka kokufundiswa okulungileyo.

Izinceku zesono, izinceku zokulunga: ukuqhathanisa kugqame kakhulu. Uma ngemuva kokubhabhathizwa sona, ngabe lokhu kuchaza ukuthi asisindisiwe ngempela na? Funda u-1 Johane 1:8-2:1. Lesisisahluko sisisiza kanjani thina ukuba siqonde ukuthi kuchaza ukuthi ukuba ngumlandeli kaKristu kepha sibe sisenokuwa na?

Ukukhululwa Esonweni

Ukhumbula lokho esesikufundile kuze kube manje KwabaseRoma 6, futhi abaseRoma 6:19-23. Emigqeni engaphansi shono kafushane umongo walokho uPawule akushoyo. Okusemqoka kakhulu, zibuze ukuthi lamaqiniso uPawule akhuluma ngawo angaba kanjani yiqiniso empilweni yakho. Zibuze ukuthi yini esengcupheni lapha na?

Amazwi kaPawule lapho aveza ukuthi usiqonda ngokugcwele isimo eziwile somuntu. Ukhuluma "ngokuluphala benyama yenu." Igama lesiGriki ilithi "ukuluphala" lichaza futhi "ubuthakathakatha." Uyakwazi okungenziwa yinyama yomuntu uma ingayekwa izenzele ngokwayo. Ngalokho, futhi, wenza ubizo kumandla okuzikhethela—amandla esinao okukhetha ukuzinikela thina kanye nenyama yethu ebuthakathaka kumbusi omusha, uJesu, ozosinikeza amandla okuphila impila yokulunga. AbaseRoma 6:23 bavame ukucaphunywa ngendlela ekhombisa ukuthi inhlawulo yesono—okungukuthi, ukweqa umthetho—ngukufa. Ngeqiniso inhalwulo yesono ngukufa. Kodwa ukuthayisela ekuboneni ukufa kuyinhlawulo yesono, kumele sisibone isono ngendlela uPawule asichaza ngayo KwabaseRoma 6—njengnkosi elawula izinceku zayo, izilutha ngokuzikhokheka ngomvuzo wokufa. Qaphela, futhi, ukuthi ekwakheni kwakhe Umfanekiso wababusi ababili, uPawule uqwashisa ngeqiniso lokuthi omunye walababababusi usho inkululeko ekhonzeni enye. Futhi lapho sibona ukukhetha okucacile: lena kunenye. Akukho ukuba phakathi Nendawo. Kusenjalo, njengoba sonke sazi, ukukhululwa ekubusweni yisono akuchazi ukungabi nasono, akuchazi ukuthi asilwi nesono futhi ngezinye izikhathi siyawa. Kunalokho kuchaza ukuthi asisabuswa yisono, nakuba iqiniso lingakanani sikhona empilweni yethu futhi nakuba singazibanga nsuku zonke izithembiso zokusinqoba. Ngalokho-ke, lesisahluko siba wubizo olunamandla kunoma Ngubani okhonza isono. Lombusi onesihluku akanikezi lutho ngaphandle kokufa njengenkokhelo yokwenza izinto eziyisinengiso; ngakhoke, umuntu ocabangayo kumele afise ukukhululwa kulombusi onesihluku. Ngokwehlikile, labo abakhonza ukulunga benza izinto eziqotho nezitusekayo, hhayi ngokomqondo wokufuna ukuzuza ukusindiswa, kepha njengesithelo samava abo amasha. Uma benza ngokuzama ukuzuza ukusindiswa, bageja lonke iphuzu levangeli, konke okuyivangeli, kanye nakho konke okuyisizathu sokudinga uJesu.

Cabanga Kabanzi:

Funda u-Ellen G. White, *"Victory Appropriated,"* pp. 105, 106, in *Messages to Young People; "The True Motive in Service,"* pp. 93—95, in *Thoughts From the Mount of Blessing; "Appeal to the Young,"* p. 365, in *Testimonies for the Church*, vol. 3; pp. 1074, 1075, in *The SDA Bible Commentary,* vol. 6. "Yena [uJesu] akazange asivumele isono. Akazange awele ekulingwe nagomcabango. Ngalokho kungaba njalo nangathi. Ubuntu bukaKristu bahlanganiswa nobunkulunkulu; wafanekela ukuba abhekane nempi ngokuhlala kukaMoya oNgcwele phakathi Kwakhe. Futhi weza ukuba asenze sibenesabele esimweni esingcwele. Uma silokhu simunye Naye ngokukholwa, isono Asinawo amandla phezu kwethu. UNkulunkulu welulela isandla sokukholwa kithi ukuba asiqondise ukuba sibambelele kubunkulunkulu bukaKristu, ukuze thina sifinyelele ekupheleleni kwesimilo."—Ellen G. White, *The Desire of Ages,* p. 123. "Ekubhabhathizwe kwethu sifunga ukunqamula konke ukuxhumana noSathane nezithunywa zakhe, kanye nokubeka inhliziyo nangqondo kanye nomphefumulo ekusebenzeleni ukwandisa umbuso kaNkulunkulu. . . . Ubaba, uNdodana, kanye noMoya oNgcwele banikelwe ukubambisana kanye nethunywa zesintu ezingalcwalisiweyo."—Ellen G. White Comments, *The SDA Bible Commentary,* vol. 6, p. 1075. "Ukuzibiza ngomKristu ngaphandle kokukholwa ngemisebenzi ehambisana nako kuyize. Akekho umuntu ongakhonza amakhosi amabili. Abantwana bomubi bayisebenzi zenkosi yabo; kuloyo abazinikela ukuba yizizsebenzi ukuba balalele, babayizisebenzi zakhe, futhi ngeke baba yizisebenzi zikaNkulunkulu baze balahle omubi kanye nayo yonke imisebenzi yakhe. Ngeke kungabi nangozi kwizisebenzi zenkosi yezulu ukungena enjabulweni nasekutamaseni izisebenzi zikaSathane ezingeni kuko. UNkulunkulu wembula amaqiniso angcwele okuhlukanisa abantu Bakhe kulabo ababi kanye nokuba bazihlambulule Kuye. Ama-Seventh-day Adventist kumele bakuphile ukukholwa kwabo."—Ellen G. White, *Testimonies for the Church,* vol. 1, p. 404.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Nakuba sinazo zonke lezizithembiso esimangalisayo zokunqoba isono, iqiniso ngukuthi sonke—nakuba singamaKristu azelwe kabusha—siyazi ukuthi siwe kangakanani, ukuthi siyizoni kangakanani, nokuthi izinhliziyo zethu zingcole kangakanani. Ngabe Kukhona okuphikisanayo kulokhu na? Chaza impendulo yakho..

2. Eklasini nikeza ubufakazi ngalokho uKristu akwenizile kuwe, ngokwezinguquko ezenzekile, kanye nokuphila okusha onako Kuye.

3. Nakuba kubaluke kangakanani ukuba sikhumbule njalo ukuthi usindiso lwethu luncike kuphela kuKristu nalokho asenezele kona, yiziphi izingozi ezivela uma sigcizelela ngokweqile leliqiniso elimangalisayo bese sishiya ngaphandle enye ingxenye yosindiso: lokho uJesu akwenzayo kithina ukusiguqulela emfanekisweni Wakhe na? Kungani kumele siqonde futhi sigcizelele zombili izigaba zosindiso na?

Notes